

UNowa Unokholo KuNkulunkulu

GENESISE 5:28-8:22

INDODA ELUNGILE, **UNOWA**,
YAYIHLALA EZWENI ELINOBUDELOVA.
KWAKUNZIMA KUYO UKUHLALA
NABANTU ABANGALUNGILE
ABABENGAMHLONIPHI UJEHOVA.



NOWA, NGIYAZI UKUTHI
UKUPHILA **KUNZIMA**.
U-ADAMU WAKE
WANGITSHELA UKUTHI
IZINTO BEZILOKHU
ZIZIMBI **AMAKHULU**
EMINYAKA.

KODWA
UJEHOVA WATHI
NGUWE
OZOSIKHULULA
KULESI SIMO.

NGINGAKWENZA
KANJANI LOKHO
BABA? YINI
ENGINGAYENZA
UKUZE NGISHINTSHE
IZINTO?

UJEHOVA WANQUMA UKULETHA
UZAMCOLO UKUZE ABHUBHISE
ABANTU ABABI. WATSHELA UNOWA
UKUTHI YENA NOMNDENI WAKHE
BANGASINDA KANJANI.

YAKHA **UMKHUMBI**. WENA
NOMNDENI WAKHO
KUMELWE NINGENE
EMKHUNJINI FUTHI
KUMELWE NIFAKE ZONKE
IZINHLOBO **ZEZINYONI**
NEZILWANE UKUZE
ZISINDE.

NGIZOKWENZA
KONKE
OKUSHOYO.



UNOWA WATSHELA **UMKAKHE, AMADODANA**
AKHE **AMATHATHU NOMKAWO** LOKHO
UJEHOVA AYEKUSHILO.




KUZOSITHATHA
ISIKHATHI ESIDE
UKUWAKHA! SIYAZI
YINI UKUTHI
UZAMCOLO
UZOFIKA NINI?



CHA, KODWA
UJEHOVA
UZOSISIZA
SISINDE.

KUMELWE UKUBA KWABATHATHA **IMINYAKA ENGU-40 NOMA**
ENGU-50 YONKE UKWAKHA **UMKHUMBI!** KWAKUMELWE **BAGAWULE**
IZIHLAHLA, BENZE AMAPULANGWE, BAWUHUQE NGETIYELA UKUZE
UNGANGENI AMANZI, BENZE NEMINYE IMISEBENZI EMININGI.



UNOWA WAYEPHINDE
ASHUMAYELE NGOJEHOVA,
KODWA **ABANTU ABAZANGE**
BAMLALELE.




IZIHLORO ZAMI ZITHI
SICHITHA ISIKHATHI
SETHU NGOKULOKHU
SIKHULUMA
NGOJEHOVA
NOKWAKHA
UMKHUMBI.


KUMELWE SIBE
NOKHOLO LOKUTHI
UJEHOVA
UZOSIVUZA
NGOMSEBENZI
WETHU ONZIMA.



NGESIKHATHI ESIFANELE, UJEHOVA WATSHELA
UNOWA NOMNDENI WAKHE UKUBA BANGENE
EMKHUNJINI. BABENEZINSUKU EZINGU-7 KUPHELA
UKUNGENISA ZONKE IZINHLOBO ZEZILWANE!



UJEHOVA WABE
ESEWUVALA UMNYANGO.



IMVULA YAYIDLIVA IZINSUKU
EZINGU-40. NGISHO
NEZINTABA EZIPHAKEME
KUNAZO ZONKE
NGOKUSHESHA ZAMBOZWA
AMANZI!



SIZOPHUMA
NINI
EMKHUNJINI?



SEKUNGAPHEZU
KONYAKA!



UJEHOVA
UZOSITSHELA UMA
SEKUPHEPHILE
UKUBA SIPHUME.

YIBANI
NOKHOLO
KUYE.

EKUGCINENI, UJEHOVA WATSHELA UNOWA
UKUTHI KWASE KUYISIKHATHI SOKUBA
BAPHUME. BONKE ABANTU ABABI
NABANOBUKULOVA BABENGASEKHO!



UJEHOVA WENZA UTHINGO LWABA UPHAWU
LWESITHEMBISO SAKHE SOKUTHI NGEKE APHINDE
ABHUBHISE YONKE INTO EPHILAYO EMHLABENI
NGAMANZI.

UNOWA NOMNDENI WAKHE
BASINDA NGOBA BABENOKHOLO.



YINI ESIYIFUNDAYO KULE NDABA?

KUNGANI KWAKUNGASE KUBE **NZIMA**
UKUBA UNOWA ABE NOKHOLO?

UMKHONDO: MATHEWU 24:38, 39;
HEBHERU 11:7.

KUNGANI UNOWA NOMNDENI WAKHE
KWAKUDINGEKA BABE **NESINEKE?**

UMKHONDO: GENESISE 6:14; 7:6;
8:13-16; HEBHERU 6:12.

KUNGANI **WENA** KUDINGEKA UBE
NOKHOLO NESINEKE?

UMKHONDO: MATHEWU 24:36, 37;
HEBHERU 10:36-39.